**NguMongameli uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala kubuMongameli Bokuqala



# Umndeni kanye Nabangane Ingunaphakade

Noma ikuphi lapho ohlala khona, unabangani abafuna injabulo enkulu leyo oyitholile ekuphileni ivangeli elibuyisiwe likaJesu Kristu. Abasoze bakwazi ukuchaza ngamagama leyonjabulo, kepha bangayibona ngenkathi beyibona empilweni yakho. Bazakufuna ukufunda ngemvelaphi yaleyonjabulo, ikakhulukazi uma bebona ukuthi nawe uhlangabezana nezivivinyo njengoba nabo behlangabezana nazo.

Uzwile injabulo njengoba ugcina imiyalelo kaNkulunkulu. Leso isithembiso somvuzo wevangeli eliphilayo (bona uMozaya 2:41). Awulaleli ngokholo imiyalelo yeNkosi ukuze ubonwe ngabanye abantu, kepha labo ababona injabulo yakho balungiselwe yiNkosi ukuba bezwe izindaba ezimnandi zevangeli eLibuyisiwe.

Izibusiso ozinikezwe zona zenze kwaba nezibopho futhi namathuba wakho. Njengenceku yesivumelwano kaJesu Kristu, unesibopho sokukhulisa ithuba kwabanye ukuba bathole injabulo ephakeme, ikakhulukazi kubangane bakho kanye nakumalungu omndeni wakho.

iNkosi yabona ithuba lakho futhi yachaza isibopho sakho ngalomyalelo: Kwenzeka ukuba wonke umuntu oyaliwe ukuba ayale umakhelwane wakhe" (D&C 88:81).

iNkosi yenza lowo myalelo ube lula ukuwulalela ngoshintsho olwenzeka enhlizweni yakho njengoba wamukela futhi uphila ivangeli likaJesu Kristu. Umphumela walokho, uthando lwakho kwabanye lizakukhula, njengoba unesifiso ukuba bathole injabulo efana kanye nalena oyizwile.

Isibonelo esinye saloshintsho ukuba ulwamukela kanjani ithuba lokuba usize kumsebenzi weNkosi wobufundisi bezenkolo. Abafundisi bezenkolo ngokuphelele bafunda masisha ukuthola impendulo kulowo oguqukile ngokweqiniso ukuba bacele ukukhonjiswa. Oguqukileyo ufisa abangane kanye namalungu omndeni ukuba babelane ngenjabulo.

Ngenkathi umholi wewadi mishini noma abafundisi bezenkolo bacela amagama alabo abazakubafundisa, kuyisihle esikhulu kuwe. Bayazi ukuba abangane babonile injabulo yakho futhi, ngakho-ke, labobangane bazilungiselele ukuzwa futhi bakhethe ukwamukela ivangeli. Futhi banethemba ukuthi uzakuba umngane abazokumdinga njengoba bangena embusweni.

Ungesabi ukuthi uzakuhlukana kanye nabangane ngokumema abafundisi bezenkolo ukuba bahlangane nabo. Nginabangane abanqabe abafundisi bezenkolo kepha bangibongile ngokuphindekile eminyakeni eminingi ngokubanikeza into ababeyazi ukuba iyigugu kimi. Ungenza abangane abangunaphakade ngokubanikeza ivangeli, lelo abalibonayo ukuba likulethele injabulo. Ungayekeli ithuba lokumema umngane futhi ikakhulukazi ilungu lomndeni ukuba likhethe ukulandela iplani yenjabulo.

Alikho ithuba elikhulu ukwedlula ukumenwa emathempelini weBandla. iNkosi ingaletha izimiso

zensindiso kumadlozi ethu kulabo abangazange bazithola kulempilo. Babuka bephezulu ngothando kanye nangethemba. INkosi ithembisile ukuba bazakuthola ithuba lokuza embusweni Wakhe (bona D&C 137:7–8), futhi wenza wena ukuba ube nothando labo.

Abaningi benu bezwile injabulo ekwenzeni izimiso kwabanye zethempeli, njengoba wenza uma unikeza amagama abantu kubafundisi bezenkolo ukuba bahlangane nabo. Uzwile futhi injabulo enkulu ngokwenza izimiso zamadlozi akho. Kwavezwa kuMprofethi uJoseph Smith ukuthi injabulo yethu yangunaphakade izokhonakala ukwenzeka kuphela nje uma sinikeza indlela yokuthola lesosibusiso emadlozini ethu ngezimiso zasethempelini (bona D&C 128:18).

Ukhisimuzi ubhekisa izinhliziyo zethu kuMsindisi kanye nenjabulo elethwe ivangeli Lakhe kithi. Sikhombisa ukubonga Kuye kakhulu njengoba siletha leyonjabulo kwabanye. Ukubonga kushintsha kube yinjabulo njengoba sinikeza amagama kubafundisi bezenkolo futhi njengoba sihambisa amagama wamadlozi ethu ethempelini. Lokubonakala kokubonga kwethu kungenza abangane kanye nemindeni leyo ezakubakhona ingunaphakade.

#### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Umongameli uEyring uchaza ukuthi singabonakalisa ukubonga kwethu kuMsindisi ngokwabelana ngevangeli kanye nabanye. Ungaxoxisana kanye nalabo obafundisayo ukuba kungani isipho sevangeli sibusise izimpilo zabo. Cabanga ngokubamema ukuba bakhulekele ukubona labo abafisa ukwabelana kanye nabo isipho sevangeli nokuthi bangakwenza kanjani lokho.

## IZINGANE

### Beka ubufakazi bakho.

Ungabelana kanye nesipho sevangeli kuloKhisimuzi ngokunikeza umngane noma umakhelwane Incwadi kaMomoni enobufakazi bakho obubhaliwe ngaphakathi. Landela lezigaba ukuba uyilungiselele:

1. Ochezwini lephepha, kala irectangeli eyi 4½ x 6½ inches (11½ x 16½ cm) futhi ucele omdala ukuba akusize ukusika.
2. Faka isithombe sakho—noma umdwebo noma isithombe—ngaphezulu kwekhasi.
3. Bhala ubufakazi bakho ngaphansi kwesithombe sakho.
4. Thola omdala akusize ufake iphepha ngaphakathi kwekhava yeNcwadi kaMomoni.

## INTSHA

### Ngingabelana ngeNcwadi kaMomoni na?

**Ngu Josh Arnett**

Ngenkathi konyaka wami wokuqala esikoleni esiphakeme, uthisha wami wasekholiji wamema ikilasi lami ukuba linikezele ngamakhophi weNcwadi kaMomoni kubangane abangasiwona amalungu ebandla. Noma-ke nganginamahloni kakhulu, ngavuma ukwenza lokho.

Kwathatha izinsuku ezimbalwa ukuba ngiqine isibindi, kepha ngagcina senginikeze umngane wami uBritny incwadi ngesikhathi sesidlo sasemini futhi ngabeka ubufakazi bami obufishane. uBritny wangibonga ngencwadi.

Ekupheleni kwalowonyaka izikole zivalwa, uBritny wahamba, kepha saqhubeka ukuxhumana kanye naye. Wangitshela ngesikole sakhe esisha futhi nokuthi cishe bonke abangane bakhe babengamalungu eBandla, kepha akazange akhulume ngento enobungcwele kanye nami.

Lokho kwashintsha ngaphambi kokuba ngihambe ngiye kumishinini. Ngathola umlayezo ovela kuBritny ethi ungiphathele izindaba ezimnandi: wayezokubhabhadiswa, futhi wayefuna ukungibonga ukuba ngumngane wakhe kanye nokuba isibonelo esihle.

uNkulunkulu wathatha umfana owayeneminyaka engu 15ubudala owayenamahloni enganaso ngisho nesifundo sobumishini kangako futhi wamyala ukuba abelane ngevangeli kanye nomuntu ayemazi ozakulivuma. Ngiyazi ukuthi ngokulalela uMoya oNgcwele, sonke singathola abantu eduzane nathi abalindele ukufunda ngevangeli elibuyisiwe. Ngiyazi ukuthi uma sisiza ngokuletha ngisho umuntu oyedwa eNkosini, "injabulo [yethu] izakuba kangakanani kanye [naye] embusweni kaBaba [wethu]! (D&C 18:15).

*Umbhali uhlala eWashington, USA.*

© 2013 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13.
Ukuhumshwa ko *First Presidency Message, December 2013.* Zulu. 10672 783

# Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: Indodana Ezelwe Yodwa zwi

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuzwisisa impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kuzakhulisa kanjani ukholo lwakho Kuyena futhi kubusise labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku reliefsociety.lds.org.*

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

Lena ingxenye yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Wokufundisa Ngokuvakasha ephethelene nomsebenzi woMsindisi.

uMsindisi wethu, uJesu Kristu, ubizwa ngokuthiwa Indodana Ezelwe zwi ngokuba uyena kuphela lapha emhlabeni ozalwe ngumama wempilo yokufa ngokwenyama kanye noBaba wempilo yangokomoya. Wathola amandla angcwele avela kuNkulunkulu, Ubaba Wakhe. Kumama Wakhe, uMary, Wathola impilo yokufa ngokwenyama futhi wayezo lamba, omela amanzi, akhathale, azwe ubuhlungu, kanye nokufa.[1]

Ngokuba uJesu Kristu uyiNdodana Ezelwe zwi kaBaba, wakwazi ukuzinikela ekufeni futhi wayezovuka kwabafileyo. Imibhalo engcwele ifundisa ukuthi "Ngomhlatshelo kaKristu," thina "sithola ukuvuka kwabafileyo (uJakobe 4:11). Siphinde sifunde ukuthi konke "kungavuswa empilweni yangokomoya ukuya kwimpilo yangunaphakade" uma "singakholwa" (D&C 29:43).

Njengoba sithola ukuzwisisa kabanzi ukuthi kusho ukuthini kuJesu ukuba Indodana Ezelwe zwi kaBaba, ukholo lwethu kuKristu luzakhula.

IGosa u D. Todd Christofferson weKhoramu Labapostoli Beshumi Nambili wathi, Ukholo kuJesu Kristu ukukhulisa futhi nesiqiniseko se (1) Isimo Sakhe njengeNdodana Ezelwe zwi kaNkulunkulu, (2) Ukuhlawulelwa Kwakhe okungapheliyo, kanye (3) Nokuvuka Kwakhe Kwabafileyo."[2] Abaprofethi banamuhla babeke ubufakazi: "[uJesu Kristu] waye . . . Indodana Ezelwe zwi ngokwenyama, Umkhululi wezwe."[3]

### *Kuvela embhalweni Ongcwele*

uJohane 3:16; Imfundiso kanye Nezivumelwano 20:21–24; uMose 5:6–9

### *Kuvela Emlandweni Wethu*

Kwitestamente Elisha sifunda ngabesifazane, ababizwe ngamagama futhi nalabo abangazange babizwa ngamagama abo, ababanokkholo kuJesu Kristu, befunda futhi bephila izifundiso Zakhe, futhi babeka ubufakazi ngemfundiso Yakhe, izimangaliso, kanye nobukhulu. Lababesifazane babeyizinceku eziyisibonelo futhi ofakazi ababalulekile kumsebenzi wensindiso.

Isibonelo, uMartha wabeka ubufakazi obuqinile ngobungcwele boMsindisi ngenkathi ethi Kuyena, "Ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, Indodana kaNkulunkulu, loyo owayezoza lapha emhlabeni" (Johane 11:27).

Abambalwa ofakazi bokuqala ngobungcwele bukaMsindisi kwakunguMama Wakhe, uMary, kanye nodade wakhe uElizabethi. Masishane emva nje ingelosi uGabriyeli ivakashele uMary, yavakashela uElizabethi. Masishane nje ngenkathi uElizabethi ezwa uMary ebulisa, "wagcwala uMoya oNgcwele" (uLuka 1:41) futhi wabeka ubufakazi ukuthi uMary uzakuba ngumama weNdodana kaNkulunkulu.

**AMANOTHI**

1. Bona *Gospel Principles* (2009), 52–53.
2. D. Todd Christofferson, "Building Faith in Christ," *Liahona,* Sept. 2012, 13.
3. "The Living Christ: The Testimony of the Apostles," *Liahona,* Apr. 2000, 2–3.

### *Ngingenzenjani?*

**1.** Yingani kubalulekile kimi ukuba ngizwisise izindima zikaJesu Kristu?

**2.** Lungakhula kanjani ukholo lwethu njengoba sigcina izivumelwano?

© 2013 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13.
Ukuhumshwa ko *Visiting Teaching Message, December 2013.* Zulu. 10672 783